# Olokugcina kwabazobhalisa e-Unisa

MHLENGI SHANGASE

KUVALWA namhlanje e-Unisa ukubhalisa kwezitshudeni ezifake izicelo zokufunda kule nyuvesi.

Lokhu kulandela isiteleka sabasebenzi bale nyuvesi esidonse cishe amasonto amabili befuna ukunyuselwa amaholo.

Okhulumela i-Unisa, uMnuz Martin Ramotshela, uthe isikhathi sokubhalisa basilulele inamhlanje ukuze izitshudeni zibhalise kahle.

Uthe nezitshudeni ezifuna ukwenza iziqu zeHonours zigcina namhlanje ukubhalisa.

"Kanjalo nosuku lokugcina lokuthi izitshudeni zikhokhe imali yokubhalisa uLwesihlanu, Febhuwari 2, 2018 (namhlanje). Labo abafaka izicelo zokwamukelwa kodwa abangeke bakwazi ukubhalisa ngoLwesihlanu (namhlanje) basengakwazi ukuphinde babhalise kusuka ngoFebhuwari 12 kuya kuFebhuwari 20," kusho uRamotshela.

Uthe labo abazobhalisa kusukela ngoFebhuwari 12 kuya kuFebhuwari 20 usuku lokugcina lokukwazi ukukhokha ukuze bamukelwe nguFebhuwari 20.

URamotshela uthe izitshudeni ezifuna uxhaso esikhwameni iNational Students' Financial Aid Scheme (NSFAS) zingafaka izicelo kuze kube nguFebhuwari 20.

Ubuye wathi ngesikhathi kusatelekiwe banxusa izitshudeni ukuthi zifake izicelo nge-internet.

"Ngaleso sikhathi sathola izicelo ezingu-36 000. Ingxenye eningi yalezi zicelo yafakwa nge-internet. Siphinde savulela ukuthi izitshudeni zibhalise ngempelasonto edlule," kusho uRamotshela.

Ngeledlule umkhandlu wezitshudeni wase-Unisa eThekwini ugcine usubhikisha uzwelana nabasebenzi abatelekile kwagcina sekume nse yonke into izitshudeni zangakwazi ukubhalisa.

Umgcinimafa womkhandlu wezitshudeni, uMnuz Nkanyiso Zwide, uthe bazoqhubeka basize abafundi ngokuthi babhalise.

Izitshudeni zingafaka isicelo soxhaso lweNSFAS ku:www.unisa.ac.za/ExtendedNSFAS2018.

---

# IZINKONDLO

***ESIFUBENI SEGOLIDE***

*Sekwaqhwakel' izindunduma zenhlabathi*
*Esifubeni sikaHluphekile wakwethu,*
*Amanz' ageleza njengezinyembezi zosana,*
*Kuqhum' izimfa zixhakathis' indlu kaNomagcekeni,*
*Izevatho zakhe sezimathamb' amhlophe,*
*Ziququdwe ububanzi besifuba sithwel' inhlabathi.*
*Ngikhangwa yisiphambano silotshwe awozalo,*
*Kuhlengezel' izinyembezi lapho ngibona*
*Kuqhum' ukhul' esifubeni segolide lakwethu.*

*Sengozidel' amathambo ngikhohlwe,*
*Ngikhohlwe yinhlonipho yesaguga sakwethu,*
*Esangengul' ulwembu ngiseyifutho,*
*Sangifukamela ngamaphik' othando kwaqhum' imihlathi,*

*Ngazimelela ngaze ngazimela ngithefuya.*
*Elenhlamba kangilazi livela kuwe mntanenkosi,*
*Elenzondo ngingelikhumbule liqhamuka kuwe mntanenkosi,*
*Elegqabho laqhela kwasekuzalweni kwakho mntanenkosi.*
*Ngaf' olwembiza bekumbel' igquma' esizibeni sezingwenya.*

*Sengojabula lapho kudum' izulu,*
*Kusiphuk' izihlahl' ezikubophe ngezingxabu*
*Ekujuleni kwethun' elingenazwelo kaGwebu.*
*Sengogiya lapho kuqhum' iziziba,*
*Kubhakuz' inkanyamb' egwinye ubuwena yaginga.*

*Kungani kuf' izimbal' eziqhakazis' isizwe?*
*Sekwasal' ukhul' olwabuna luqhum' emhlabeni,*
*Ukwena kwalo kunuka njengamanz' angagelezi nhlobo.*
*Kungani silahlekelwa ngabant' esibathandayo?*

***Bongani Mavuso***

***UBUNTU BOMUNTU***

*Ngilahlekile ngididekile ngadiyazela,*
*Ngininga ngokuhlukunyezwa kwezingane,*
*Ngicabanga ngodlambedlu olubhekiswe kubantu besifazane.*

*Buphi ubuntu bomuntu ezweni sakhile?*
*Izintombi zakwaZulu ziphela emehlweni,*
*Wen' owabona umlilo wamaphepha,*
*Izinsizwa zakwaZulu zigadla ngokungaphezi*
*Ezinganeni zamantombazane zingakathombi.*

*Buphi ubuntu bomuntu ezweni sakhile?*
*Abazali sebekhale kwaphela izinyembezi*
*Ngenxa yegazi elichithwa ngababulali*
*Abazingela abesifazane ubusuku nemini.*
*Mbulali ndini, uyolichitha kuze kube nini lelo gazi?*

*Buphi ubuntu bomuntu ezweni sakhile?*
*Imizimba yezintombi zakwaZulu*
*Isiphenduke ibhizinisi lokuziphilisa.*
*Impela sazalwa nabanye,*
*Futhi siyofa nabanye.*

*Buphi ubuntu bomuntu ezweni sakhile?*
*Ma-Afrika, kungani siphenduke amaluluwane?*
*Abaholi baphenduke ogombela kwesabo,*
*Qede balibala ukuvuselela isiko lesintu,*
*Isiko lokuhlonipha ubuntu bomuntu.*
*Buphi ubuntu bomuntu ezweni sakhile?*

***Thangithini Sikhakhane***

---


# World Wetlands Day

02 February 2018



## Wetlands for a Sustainable Urban Future

Urban wetlands making cities liveable

**World Wetlands Day in 2018 is celebrated under the theme "Wetlands for Sustainable Urban Future."**

**WHAT IS A WETLAND?**

Not all land that is wet is a wetland. Wetlands are areas such as swamps and marshes, where water saturates the soil, and conditions are favourable to plants which are adapted to anaerobic (low oxygen) soil conditions.

Wetlands are important for the ecosystem as they provide a number of benefits, not only to the natural environment, but also to our livelihoods. In urban areas, wetlands improve water quality and serve as reservoirs, containing run-offs from roads, drains, roofs and storm water drains. Wetlands also help to reduce and prevent urban flooding.

**Working for Wetlands**

Through the **Working for Wetlands** programme, government invested more than **R1 billion** in the rehabilitation of **1 360** wetlands countrywide between **2004** and **2017**.

This has improved or secured the health of more than **64 000** hectares of wetland area, and provided **27 000** employment opportunities.



**RAMSAR SITES IN SOUTH AFRICA**

The Ramsar Convention on Wetlands of International Importance is an international treaty for the conservation and sustainable use of wetlands. South Africa currently has 23 Ramsar sites with a combined surface area of 557,028 hectares.

Barberspan, Northwest Province (1)
Blesbokspruit, Gautent Province (3)
De Hoop Vlei, Western Cape Province (2)
De Mond, Western Cape Province (4)
False Bay Ecology Park, Western Cape Province (22)
Kosi Bay, Kwazulu Natal (8)
Lake Sibaya, Kwazulu Natal (9)
Langebaan, Western Cape Province (7)
Makuleke Wetlands, Limpopo Province (18)
Natal Drakensberg Park, Kwazulu Natal (13)
Ndumo Game Reserve, Kwazulu Natal (14)
Ntsikeni Nature Reserve, Kwazulu Natal (20)
Nylsvley Nature Reserve, Limpopo (16)
Orange River Mouth, Northern Cape (10)
Prince Edward Islands, Western Cape Province (19)
St. Lucia System, Kwazulu Natal (5)
Seekoeivlei Nature Reserve, Free State Province (15)
Turtle Beaches/Coral Reefs of Tongaland, Kwazulu Natal (6)
uMngeni Vlei Nature Reserve, Kwazulu Natal (21)
Verloren Valei Nature Reserve, Mpumalanga Province (17)
Verlorenvlei, Western Cape Province (11)
Wilderness Lakes, Western Cape Province (12)

environmental affairs
Department: Environmental Affairs
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

2030 NDP

Working for Wetlands

Ramsar Convention on Wetlands

Find us: Department-of-Environment-Affairs
Follow us: @EnvironmentZA
Follow us: @EnvironmentZA
Watch us: EnvironmentZA

Call Centre: 086 111 2468

Website: www.environment.gov.za

DESIGNED BY DEA C